



Growing up in a time of AIDS: Abaqophi basOkhayeni Abaqinile Children's Radio project

Ngathi inqondo iyabaleka / It's as if they have lost their heads

2007

- Music: [Song]: Waphelela otshwaleni sekwenzenjani?
Alcohol is finishing you off, what's happening?
- Prettygirl: Sanibonani balaleli emakhaya sesibuyile futhi nohlelo lwethu olusha siseyibo Abaqophi basOkhayeni Abaqinile ngihambisana nabo abanye babaqophi.
Hello listeners at home. We are back with a new programme; We are the Okhayeni Strong Recorders, and here I am with others [in our group].
- Sibusisiwe: Sanibonani balaleli igamalami ngingu Sibusisiwe Nyawo.
Hello listeners. My name is Sibusisiwe Nyawo.
- Sandile: Sanibonani balaleli emakhaya igama lami ngingu Sandile Khumalo.
Hello listeners at home. My name is Sandile Khumalo.
- Prettygirl: Isihloko salendaba esiza nayo sithi abantwana bathinteka kanjani ngokuphuza kwabantu abadala.
The title of the of the new programme we bring you is 'How children are affected by adults drinking alcohol.'
- Music: Song, fading out
- Narrator: Abanye abantu bayaphuza abanye abaphuzi. Izingane ziyabukela ukuthi kwenzekani ake sizwe ukuthi izingane zithini ngalokhu.
Some people drink and some don't. Children see all this happening. Let's listen to what children say about this.
- Child: Ukudakwa akukuhle ngoba umuntu uma edakiwe benza izinto ezilongo bashaya abantu.
Being drunk is not good because drunk people do bad things, they hit people.
- Child: Kubi ukudakwa ngoba abantu benza noma yini nje njengokuthi umuntu ahambe anqunu sowubhavile uthole ukuthi akasagqoki manje usezibona ngathi muhle uma enqunu.
It's not good to be drunk because [drunk] people do stupid things - like walking naked after taking a bath instead of getting dressed - and seeing himself as beautiful when naked.

- Child: Akumnandi ngoba omunye kodwa akadeleli omunye uyadelela mangabe ephuzile.
It is not nice because you never know if a person will behave rudely or not when drunk.
- Child: Akumnandi ngoba uma abona into embi noma ngabe uthetha kancane uma saphuzile uthetha kakhulu engazuthi usuyisiphukuphuku noma kukuncane nje into akushaye nje akushayele into ongayazi noma kungenzanga wena.
It is not nice because when [the drunk person] sees something you have done wrong and for which you should only be scolded a little, he scolds you a lot as if you are a fool even if it's just something small. You can get beaten for something you have not done.
- Narrator: Ezinye zingane zinesibindi nayi eyodwa iyasixoxela ukuthi kunjani ukuhlala nomuntu ophuzayo.
Some children are brave. Here is one of those telling us what it's like to stay with a person who [abuses] alcohol.
- Interviewer: Uphatheka kanjani uma ubona umzali wakho ephuzile?
How do you feel when you see your parent drunk?
- Jabu: Ngiphatheka kabi ngo kwesinye isikhathi uphuzisa edakwe engabe esakwazi nokuthi amuke ekhaya. Kwesinye isikhathi alahlekelwe iyo yonke into ayiphethe, ukudla akathengi ulokhu edla imali yonke otshwaleni abuye angasena mali, ahambe ewa endleleni bamukhuthuze.
I feel upset because sometimes he is too drunk to walk home, sometimes he loses everything he is carrying, and he doesn't buy food after spending all his money on alcohol; he comes back with no money after falling over in the road and being robbed.
- Interviewer: Iziphi izinto azenzayo eziphatha kabi abantwana endaweni uma esephuzile?
What things does he do that upset kids when he is drunk?
- Jabu: Ukuthi abathethise afune ukubashaya, abathuke ngenhlamba bangayezanga lutho.
Things like shouting at them, and wanting to beat them and swearing at them even if they have done nothing wrong.
- Interviewer: Ngabe uthini uma nicela imali yokuhamba esikoleni noma isikole siyahamba siyodlala noma siphuma i-trip?
What does he say if you ask for money for school sports matches or school trips?
- Jabu: Uyasinika kwesinye isikhathi uthi akanayo.
Sometimes he gives us and sometimes he says he doesn't have any money.
- Interviewer: Uma athi akanayo nina niphatheka kanjani?
If he says he doesn't have money how do you feel?
- Jabu: Asiphatheki kahle ngoba sisuke sazi ukuthi ikhona.
We don't feel good because we know that he does have money.
- Interviewer: Nisuke niyibone kanjani nina ukuthi ikhona?
How do you see that he has money?
- Jabu: Sibona uma aphuzisa noma athenge izinto esitolo ukuthi ikhona.
Mina nje umlayezo kwabadala abaphuzayo abanake amakhaya abo bondle izingane zabo bakhohlwe utshwala.
We see that he has money when he drinks alcohol or buy things at the shop.

My message to adults who are drinking alcohol is that they must take care of their homes, support their children and forget about alcohol.

- SFX: Music
- Narrator: Abanye abantu badayisa utshwala ngoba befuna ukuphilisa imindeni yabo. ULindo wahamba wayoqopha ugogo wasemphakathini odayisa utshwala.
Some people sell liquor to help their families survive. Lindo went to interview a grandmother who sells liquor.
- Lindo: Njengoba Gogo usumdala ungaka, waqala ungakanani ukudayisa utshwala?
You are now old, Grandmother, but at what age did you start selling liquor?
- Gogo: Ngaqala nje ngiyintombazane ngidayisa utshwala, kuyangisiza ngoba lozukana engiutholako ngiyakwazi ukuthanga umetshiso, angilali ngilambile.
I started selling liquor when I was still a girl. It helps me a lot because with the little money I get am able to buy matches, I don't go to sleep hungry.
- Lindo: Abantu abajwayele okuzothenga lapha bajwayele ukuba bangakanani?
How many customers usually come here to buy?
- Gogo: Bakhona nje kulendawo abaphuzu utshwala ababaningi kakhulu.
There are some in this area who drink, but not many.
- Lindo: Zikhona izingane ezike zifike lapha zizothenga utshwala noma azikho?
Are there any children who come here to buy alcohol, or not?
- Gogo: lapha ekhaya angifuni mina ingane iphuze utshwala.
I don't allow kids to drink alcohol here at my home.
- Lindo: Yimuphi umyalezo ongawudlulisa ezinganeni noma ebantwini abadala mayelana nobungozi botshwala?
What message can you pass on to children and adults about the dangers of alcohol?
- Gogo: Niphuze kahle nibhasobhe emgwaqeni kugijima izimoto nizolimala
Drink carefully and be careful of being injured by cars on the road.
- Narrator: Yebo sesimuzwile ugogo udayisa utshwala ukuthi ena kuyasiza ukuthi bathole imali. Kodwa sesizozwa ukuthi ingane yona ehlala lapho kudayiswa khona utshwala yona iphatheka kanjani.
Yes we have heard from the grandmother who sells beer that she survives on the money she gets, but now we will hear from a child who lives in a place where alcohol is sold; she tells us how she feels about this.
- Jabu: Ukuhlala endaweni eseduze nesipoti ngizizwa ngingakhululekile kahle. Uthi uyaphuma nje ekhaya uhlangane nomuntu ophuzayo endleleni athathe noma yitshe akushaye ungenzanga lutho.
Kunzima kakhulu ngoba nabazali bakho bagcina sebephuza nabo, nezingane zakini ezindala zingagcina seziphuza utshwala nazo ngoba zibona abazali sebephuza, nabantu abaphuzile ngathi inqondo iyabaleka.
I don't feel happy living in a place where alcohol is sold. Sometimes just coming out of my home I might bump into a drunk person who might take a stone and throw it at me for no reason.
It is really difficult because your parents end up also drinking and your older siblings end up drinking too, because they see your parents drinking, and some people drink as if they have lost their heads.

Omunye uthi uyahamba bakuthume esitolo uhlangane naye uzitshele ukuthi uyamhlonipha uthi umuntu omdala, uthi uyambingelela umuntu akushaye akuphuce nemali ahambe ayophuza utshwala.

Mina uma kungathiwa ngingumnikazi wesipoti kungamele isipoti ngisiwakhe endaweni lapho kungadlaleli khona izingane ezincane ukuze umasebephuzile abantu, umuntu nomuntu asuke aye ekhaya lakhe ngendlela aqhamuke ngayo kungabibikho ophuma ayele ahambe alimaza izingane zabantu.

Mina ngibona kungcono indlela ephephile ukuthi isipoti sisuke siye ehlathini kunemizi yabantu ngoba abantu abaningi masebaphuzile balimaza ingane zabantu.

Sometimes if you have been sent to the shop and you meet [a drunk person] along the way; you tell yourself to be respectful and greet the older person and they might end up hitting you and taking your money and buying alcohol with it.

If I was the owner of a spoti [place where alcohol is sold], I would build it where children don't play, so that when they are drunk, each person will go home the way s/he came, without coming into contact with children who they may abuse.

I think the safest thing would be to relocate beer selling spots to places in the forest rather than in people's homes because many drunk people abuse children.

Narrator: Ngelinye ilanga thina njengabantwana sahlangukani esikoleni sixoxa mayelana nokuthi thina njengabantwana kusithinta kanjani ukuphuza kwabadala.

One day we met at school and discussed how we as children are affected by adults who drink alcohol.

Prettygirl: Mina ngibona ukuthi utshwala nabo buyahlukumeza izingane ngoba kukhona ezibuphuzayo ezifundiswa ngabazali, kanti utshwala abudingeki emzimbeni.

I think alcohol affects children because most of the children who drink are taught to do so by their parents, but alcohol is not good for the body.

Sinenhlanhla: Bakhona –ke abanye abathi uma sebedakiwe beyibhoshele beyichamele ayahlupheka amakhosikazi alabobantu, futhi nezingane ngiyethemba nazo ziphatheka kabi.

There are others who defaecate and urinate in their pants when drunk and their wives have a difficult time, and I am sure their children are also affected badly by their behaviour.

Promise: Ezinye ingane ziphatheka kabi uma zibona abazali bazo bedakiwe mhlampe, behambe emgwaqweni, begcwalumgwaqo. Ingane iphatheke kabi ukubona umzali wayo edakiwe enza leyonto embi bese iyahlukumezeka.

Some children are affected when they see their parents drunk and perhaps staggering all over the road. A child is affected by seeing his or her parent drunk and behaving badly.

Nobuhle: Noma isikhathi sokuthi fanele idadishe, uyabuya noma umam'wakhe noma ubaba wakhe ubuya udakiwe afike amxoshe athi ufuna into ethile angakaze ayithenge, naye uyahlukumezeka ngoba izinto zesikole akakhoni kahle ukuzifeza.

Or when it's time for a child to study, the drunk mother or father comes back and chases him out after asking for something that wasn't bought, so the child is affected because he is not able to do schoolwork.

Prettygirl: Kwesinye isikhathi umzali uma esebuya sebemqhuba ngebhala ingane kwesinye isikhathi iyayicabange ukuthi umzali wayo useshonile kanti

akakashoni, bese iyahlukumezeka icabange ukuthi nokuthi izokwenzelwa ubani?

Sometimes when a parent [is so drunk] s/he comes home being pushed in a wheelbarrow, a child sees this and may think that the parent is dead. This affects the child badly because s/he starts to wonder who will take care of him or her.

Promise: Kwesinye isikhathi ukuthi mhlampe ingane zithi ziyaphuma ziya esikoleni nomama naye abephuma ahamba eya esipotini, uyohlala kuze kube ntambama, zibuye izingane esikoleni zibuye umama akaphekanga mhlampe kunezinye ezincane nje ezifunda u-grade1 seziyakhala izingane zifuna ukudla, uma kusazofika lezi ezindala zipheke umama njalo usesipotini. Uzobuya ntambama njalo esefuna ukudla kodwa ushiye engaphekanga.

Sometimes, when all the kids leave for school, the mother also leaves at the same time for the drinking place, and stays there until late. When the children come home, no food has been cooked. Some of the children are young and doing grade 1 and they just cry for food, until the older siblings come home and cook while the mother is still out drinking. She will always come home in the evening demanding food that she hasn't cooked.

Sinenhlanhla: kwesinye isikhathi –ke abantu abadala abaphuzayo ingane baye bangayinaki ngoba uthole ukuthi ingane ayifundi umzali wayo kodwa unemali yokuthi ahambe ayophuza ingane yakhe ayiyi esikoleni ngoba ayinayo imali yokuya esikoleni.

Most of the times adults who drink don't take care of their children; you find that children don't go to school even if the parent has got money because it is used to buy alcohol only The children don't go school because school fees are not paid.

Narrator: Akusiyo into ejwayelekile ukuthi umuntu aphuze utshwala kakhulu bese abuyeka. Nangu omunye wabo uzosichazela ukuthi yena wabuyekelani.

It's not an easy thing for a heavy drinker to stop drinking. Here is such a person who will tell us more about why he decided to stop.

Ex drinker Yebo, ngangiphuza eminyakeni emithathu eyadlula ngase ngiyabuyeka.

Izinkinga engangihlangabezana nazo ukuthi umndeni wami ngangingakwazi ukuwuphatha ngendlela imindeni eye iphathwe ngayo nangendlela ekwazi ukuwukhulula. Mhlampe uthola ukuthi esimeni sokudla angikwazi ukuthi ngithenge ukudla kodwa imali nginayo ngenxa yokuthi imali eningi iya otshwaleni.Emphakathini nginezingozingozi kwamanje ubuso abubukeki kodwa manje ngenxa yotshwala yingakho sengizesaba kwamina.

Yes, I used to drink but three years ago I stopped.

My biggest problem was that I wasn't able to take care of my family in a way a family should be taken care of and in a way that could make them feel free. When it came to food I didn't have the money to buy it, yet I had the money to spend on alcohol. I feel ashamed of myself in my community because I have a lot of scars due to alcohol in such a way that I even scare myself.

Ngizothi komunye umuntu omusha ukuze angabi nalenkinga enginayo yezingozi angabi futhi nenkinga yokuhlulwa ukuba nomndeni ngoba bebasha basadingeke ukuthi babe obaba bemindeni omama bemindeni, kodwa ngenxa yotshwala ikusasa alikho.Ngenxa yesidakamizwa ikusasa alikho. So ngithi mina kumanje bengicela bonke bakhumule amajoka bawalahle phansi ezidakwamizweni zizonke.

I will say to a teenager that if ~~he/shes/he~~ doesn't want to have the problems that I ~~haved~~ – of ~~of~~being scarred ~~having scars~~ and ~~of~~ failing to be responsible for ~~his/her~~my family –as although they are young,– they will still need to be fathers and mothers of their own familie:s. ~~But~~-because of alcohol

they won't have a future. Because of drugs there is no future. So now I plead with them all to stay away from all kinds of addictions.

- Narrator: Siyabonga kakhulu umyalezo ophuma kumuntu owayephuza osiyala ukuthi nathi esisebasha singaqali ukuphuza. Nayi eminye imiyalezo.
- Thank you for ~~the~~ this message from ~~one who used to drink alcohol~~ previous alcoholic warning us, the youth, not to start drinking. Here are other messages.*
- Prettygirl: Bazali siyanicela ukuthi uma senza amaphutha ningaveli nisishaye niqale nisibuze uma uphuza utshwala ngoba uzothi uyayishaya ingane yakho uyilimaze noma uyibulale
- Parents we beg you, if we have done something wrong and you are drunk, don't start by beating us, start by asking us because if you are beating a child [while you are drunk] you might hurt or kill your child.*
- Lindo: Umyalezo wabantwana abahlala nabantu abaphuzayo ngithi abantwana babozama ukukhuluma nabantu abadala abaphuzayo noma bathi uma esephuze kakhulu babatshela behlise noma amtshela ukuthi yini ashoda ngayo.
- A message for children who stay with people who drink: I say they must try and speak to the adults who drink by telling them that they shouldn't drink much and that they should decrease their rate of drinking; they should also tell them what their needs are.*
- Sbusisiwe: Uma kuwukuthi ekhaya kukhona ophuzayo kodwa uyanihlukumeza vese utshela othisha, othisha bazokwazi ukuxhumana nesocial worker bese beyanisiza.
- If at home there is someone drinking and abusing you, tell your teachers and they will contact the social worker to help you.*
- S'fundo: Mina ngicela ukuthi sibuyeke utshwala thina siqhubeke nje siphile eSouth Africa.
- I would like to ask everybody to stop drinking alcohol so that we can continue living well in South Africa.*
- Sibusiso Umyalezo wethu thina njengezingane sithi abantu abadala kumele behlise ukuphuza utshwala basilalele futhi nathi uma sibaxoxisa mayelana nokuphuza utshwala.
- Our message from us the children is that we ask older people to decrease the amount of alcohol they drink and listen to us if we talk to them about drinking.*
- Prettygirl: Nisale kahle balaleli sijabule ukuba nani sophinde sibuye futhi nohlelo olusha.
- Goodbye listeners we really enjoyed being with you, we will be back again with the next programme.*
- Sandile: Ekade sihamba nabo bekuyi laba:
- These are the people we were with:*
- Sibusiso Tembe
Lindokuhle Zikhali
Mbumbi Zikhali
- Sbusisiwe: Zamadlomo Mkhabela
Sinenhlanhla Gumede

Music: Nobuhle Mthembu
Abaqophi theme song



For further information contact:

Helen Meintjes
Children's Institute
helen.meintjes@uct.ac.za
+27 21 689 5404

Bridget Walters
Zisize Educational Trust
bridgetw@iafrica.com
+27 35 572 5500

Web: www.ci.org.za/depts/ci/prg/radio_project/index.htm